

Ukwethulwa kwebhuku lakwaSARS lwamatemu entela olulwiminingi

Tshwane, 17 kuNdasa 2022 – UKhomishana woPhiko Lwemisebenzi Yemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS) uMnu Edward Kieswetter ubophezele isikhungo ekukhuthazeni ukusetshenziswa kwezilimi ezisemthethweni ezazingenawo amathuba endaweni okusetshenzwa kuyo ngentela nokulawulwa kwempahla emngceleni.

Ubekhuluma ngenkathi kwethulwa ibhuku lwakwaSARS lwamatemu entela olulwiminingi elinamatemu angama-450 ngazo zonke izilimi zethu ezisemthethweni (isiNgesi sona besivele sikhona), okuyilezi: Sesotho, Setswana, Sepedi, Tshivenda, Xitsonga, IsiNdebele, Siswati, IsiZulu, IsiXhosa kanye ne-Afrikaans. Loluhlu lwamatemu lufaka amatemu ezezimali ngobubanzi bawo, afana nentela, izincwadi zamafa kanye nezindlela zokusebenza jikelele.

UKhomishana uKieswetter, wendlalele ngokucaphuna kuMthethosisekelo: “Isandulelo soMthethosisekelo waseNingizimu Afrika sikhumbuze izethameli ngomthelela wolimi. Thina, njengabantu baseNingizimu Afrika, Siyazamukela izezo ezingalungile zesikhathi esadlula; Siphakamisa labo abahluphekela ubulungiswa nenkululeko emhlabeni wethu; Sihlonipha labo abasebenzele ukwakha nokuthuthukisa izwe lethu; futhi Sikholelwa ukuthi iNingizimu Afrika ingeyabo bonke abahlala kuyo, sibumbene nakuba singafani”.

Uphinde wathi “ngokwenza lokhu uSARS ulwela ukuthi abakhokhintela kumele bathole ingcaciso nesiqinisekiso ngazo zonke izilimi eziyi-11 ezisemthethweni okuzokhuthaza ubulungiswa kwezenhlalakahle kanye namalungelo abantu ayisisekelo”.

Utata Madiba (uMongameli uNelson Mandela) naye wasikhumbuza amandla olimi uma ethi, “Uma ukhuluma nomuntu ngolimi aluqondayo, lokho kuya ekhanda lakhe. Uma ukhuluma nomuntu ngolimi lwakhe, lokho kuthinta inhliziyi yakhe.”

Isikhathi eside kakhulu, ulimi ezweni lethu luyinto umphakathi onentshisekelo ngayo kanye nenqubomgomo kazwelonke. Ezinye izilimi zisengcupheni yokushabalala ngenxa yokuthi abantu abazikhulumayo bancishiswa noma zafaniswa namanye amasiko. Kusukela kowe-1994, uhulumeni ulokhu ekhuluma ngalolu daba njengoba ulimi luyakwazi ukuhlanganisa abantu, imiphakathi, kanti kithi, lungakha ukwethembeka luphinde lwenze ngcono usizo esilunika abakhokhintela kanye nabahwebi.

UMthetho Wokusetshenziswa Lwezilimi Ezisemthethweni (i-UOLA) wasayindwa waba umthetho ngonyaka wezi-2013. UMthetho uhlinzekela ukulawulwa nokuqashwa kokusetshenziswa kwezilimi ezisemthethweni yiminyango kahulumeni kuzwelonke

uma yenza imisebenzi kahulumeni. Uphinde udinge ukuthi yonke iminyango kahulumeni kuzwelonke, izikhungo zikahulumeni kuzwelonke kanye namabhizinisi kahulumeni kuzwelonke kube nenqubomgomo yolimi iphinde isungule uphiko lwezilimi.

USARS waba nayo le nqubomgomo, yabe isimenyenzelwa mhla zingama-23 kuLwezi 2015, kumanje uyayisebenzisa le nqubomgomo. Kwabe sekusungulwa uPhiko Lwemisebenzi Yolimi kwaSARS, umyalelo walo okungukuzama ukuthuthukisa izilimi ezazincisheke amathuba ngaphambili. Luphinde lweseke izinyathelo zokufundisa abakhokhintela nabahwebi njengoba luya emiphakathini lufundisa abakhokhintela ngolimi lwabo lwebele ngokubaluleka kokuthobela imigomo yentela.

Kulo nyaka uSARS ugubha iminyaka engama-25 selokhu wasungulwa, okuyisinyathelo esikhulu kakhulu futhi esithokozisayo, unomyalelo wokuqoqa imali, ukuqinisekisa ukuthotshelwa kwayo yonke imigomo yentela kanye nemithethonqubo yokulawulwa kwempahla emngceleni kanjalo nokuhlinzeka usizo ehovisi elilawula impahla emngceleni oluvikela imingcele yethu luphinde luxhumanise ukuhweba okusemthethweni.

Kugalelo lethu lokuzama ukwandisa imizamo yethu, leli bhuku eluliminingi lwamatemu entela alisona kuphela isipho kubakhokhintela, abahwebi kanye nezakhamizi zaseNingizimu Afrika, ulimi lwabo lwebele okungesona isiNgisi, kodwa liyisipho sezisebenzi zethu ezixhumana nabakhokhintela baqinisekise ukuthi benza lokhu besebenzisa amatemu anembile njengoba ephasiswe abhajadiswa umkhandlu wezilimi i-Pan South African Language Board (PanSALB). Siyabonga futhi siwushayela ihlombe lo msebenzi owenziwe abantu abangaphezulu kwabayi-140. Siyabonga futhi nemizamo yaleli thimba elinabantu abehlukene futhi sidlulisa okukhulu ukubonga eMnyangweni Wezemidlalo, Ubuciko Namasiko (i-DSAC) kanye nomkhandlu wezilimi i-Pan South African Language Board (PanSALB) kanye nethimba lethu lakwaSARS.

UMnu Kieswetter uthi: “Umsebenzi esiwenzayo kwaSARS uthinta izimpilo zezakhamizi, ikakhulukazi labo abahlwempu nabasengozini, ngokuqoqa imali elekelela uhulumeni akwazi ukubahlinzeka ngezinsiza eziyisisekelo ezifana nezibonelelo, imfundo kanye nokunakekelwa kwezempilo. Bonke abantu baseNingizimu Afrika kumele bayiqonde le ndima esemqoka edlalwa uSARS. Ayikho enye indlela engcono yokwenza abantu baqonde lokhu ngaphandle kokuthi sikhulume nabantu bakithi ngolimi olungolwabo ukuze umsebenzi wethu uthinte izinhliziyi zabo, njengoba noMadiba asho”.

Ibhuku elisha lakwaSARS oluliminingi lwamatemu - umqulu wokuqala liyatholakala kusizindalwazi sakwaSARS. Nali lapha [the SARS Multilingual Terminology list](#).

Ngolwazi olwengeziwe sicela uxhumane ne Sarsmedia@sars.gov.za